**BEKA UVO LWAKHO**

**ISichibiyelo SoMthethosivivinywa WamaLungelo AbaNtu AbaDala [B11-2022]**

IKomidi LeSishayamthetho elibhekele EzokuThuthukiswa KoMphakathi limema ababambe iqhaza nabantu abanentshisekelo ukuthi bathumele imibono mayelana neSichibiyelo SoMthethosivivinywa WamaLungelo AbaNtu AbaDala [11-2022].

Inhloso yalo Mthethosivivinywa ukuchibiyela uMthetho WamaLungelo AbaNtu AbaDala, wezi-2006, ukuze kufakwe izincazelo ezintsha; ukuze kufakwe izimiso ezintsha ezihambisana nokuqapha kanye nokuhlolwa kwayo yonke imisebenzi enzelwa abantu abadala kanye nokususwa kwabantu abadala besiwa ezindaweni zesikhashana zokunakekelwa ngaphandle komyalelo wenkantolo; ukuqinisa izindlela ezikhona zokusetshenziswa kanye nokulandela izimiso ezibekiwe; ukuze kusebenze izichibiyelo zeminye imibhalo ukuze kucace kahle; kanye nokuhlinzekela izinto ezixhumene nalokho.

Nanoma ubani noma inhlangano efisa ukuthumela imibono ebhalwe phansi inelungelo lokuqondisa izethulo ezibhalwe phansi ku-: Nksz Lindiwe Ntsabo, uNobhala WeKomidi nge-imeyili: olderpersonsamendmentbill.gov.za noma nge-intanethi ku-https://forms.gle/wgFdwoJDbnyj4mi8A engakafiki umhla-15 kuMbasa (ku-Ephreli) wezi-2023. Ngaphezulu kwezethulo ezibhalwe phansi, uyacelwa ukuthi usazise uma uzothanda ukwenza isethulo ngomlomo.

UNksz Ntsabo angatholakala kule nombolo yeselula 083 709 8524 uma kukhona imibuzo. Amakhophi alo Mthethosivivinywa angatholakala ku-www.parliament.gov.za noma angacelwa ngocingo kuNksz Ntsabo.

Kufanele ukuthi zonke izincwadi ziqondiswe Nksz NQ Mvana, uSihlalo: weKomidi LeSishayamthetho elibhekele EzokuThuthukiswa KoMphakathi futhi zimakwe ukuthi ziya Nksz L Ntsabo.

Esethulweni sakho, sicela uhlinzeke igama, isibongo, inombolo yocingo, kanye nekheli le-imeyili yomuntu noma inhlangano ethumela imibono.

Sikhishwe uNksz NQ Mvana, iLungu lePhalamende, uSihlalo: WeKomidi LeSishayamthetho elibhekele EzokuThuthukiswa KoMphakathi